ISAZISO

UMKHANKASO KAZWELONKE KA-2007 WOKUGOMELA UVENDLE NESIMUNGUMUNGWANE

Inyanga kaMeyi noJuni ibekelwe njengenyanga yomkhankaso kazwelonke wovendle nesimungumungwane. Inhloso enkulu yalo mkhankaso ukuqeda isifo sovendle nesifo sesimungumungwane. Ngokugoma izingane eziningi ngangokungenzeka, ngesikhathi esifushane zigonyelwa uvendle nesimungumungwane endaweni enkulu, liyaphazamiseka igciwane lovendle nelesimungumungwane.

Iminyaka yobudala esophiwe:
Ngesikhathi salo mkhankaso:
• Zonke izingane ezingaphansi kweminyaka emihlanu zizothola amaconsi amabili okugomela uvendle, ehlukaniswe amasonto amane [ngomjikelezo wokuqala nowesibili]
• Zonke izingane ezinezinyanga ezingu 9 kuya eminyakeni engaphansi kwemihlanu zizothola iconsi elilodwa lokugomela isimungumungwane [ngomjikelezo wokuqala]
• Le migomo izonikezwa izingane ngaphandle kokubheka isimo sokugonywa kwengane.
• Izingane ezingaphezulu kweminyaka esophiwe kuphela (ezingaphezulu kweminyaak emihlanu yobudala) ezifikayo kulo mkhankaso futhi ezingazange ziyithole imigomo ehleliwe ezingagonya kulo mkhankaso, ukuvikela ukulahlekelwa amathuba okugoma.

Izinsuku zomkhankaso
• Umjikelezo wokuqala wokugomela uvendle nesimungumungwane umhla ka 5-13 Meyi 2007
• Umjikelezo wesibili wokugomela uvendle umhla ka 9-17 Juni 2007

NIYACELWA UKUBA NIYE EMITHOLAMPILO ESEDUZE KWENU KULEZI ZINSUKU EZIBALULWE NGENHLA

ISAZISO

UKWENYUKA KWAMATHARIFU KAGESI

Sifisa ukubikela amakhasimende ethu ngalokhu kwenyuka kwaminyaka yonke kwamatharifu agesi okuzoqala ukusebenza mhla 1 Julayi 2007. Lamatharifu kusadingeka ukuba aphasiswe yi-NERSA (National Energy Regulator of South Africa). Ukwenyuka kuzoba u-7.5% okuyinhlanganisela yalezi zingxenye:

Amatharifu amaqondana nemizi

Scale 3 & 4 (Owemitha credit meter)	7.9%
Scale 8 & 9 (Owekhadi)	7.9%
Scale 12 (Ugesi wamahhala)	7.9%

Amatharifu amaqondana namabhizinisi

Scale 1 (Amabhizinisi nokunye)	6.19%
Scale 2 (Two Rate)	1.82%
Scale 5, 6 & 7	9%
Scale 10 (Owekhadi)	6.83%
Scale 11 (Owekhadi)	1.97%

Amaqondana nesikhathi osetshenziswa ngaso
7.94% kugesi osetshenziswe
7.94% maqondana nesikhathi osetshenziswe ngaso

Maqondana nomunye othengwa ube mningi
9.6% kugesi osetshenziswe
9.6% maqondana nesikhathi osetshenziswe ngaso
9% emalini yesevisi

ISAZISO

INANDA DAM
IPULANI EMAQONDANA NOKUPHATHWA KWAMANZI NENDAWO ESEDUZANE: UKUSETSHENZISWA KWAMANZI NGEZIZATHU ZOKUNGCEBELEKA NOKUTHUTHUKISA - EZOKUVAKASHA
ISIMEMO SOKUBHALISA KWABANTU ABANENTSHISEKELO NABATHINTEKAYO

UMasipala waseThekwini, ngokubambisana noMnyango Wezamanzi Namahlathi kanye noMngeni Water, bamema umphakathi ofisa ukubamba iqhaza kulolu hlelo lwepulani echazwe esihlokweni ukuba ubhalise kuMasipala njengabantu abanentshisekelo nabathintekayo ngokuxhumana nomnyango i-Rural Area Based Management Department, bacele uP. Gilmore kule nombolo yocingo 031-2616640, noma kuleli kheli le-email: gilmorep@durban.gov.za. Umhlangano wokuqala obandakanya uMphakathi kanye nezinhlaka ezithintekayo uzobanjwa zingu 18th kuMeyi 2007 ngo 10:00ekuseni ehholo lomphakathi laseHillcrest eliku Delamore Road ngase Hillcrest Library.